NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2016

# ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA I
# ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER I

## MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-3 | Amamaki ayi-100

---

**These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.**

**The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.**

---

IEB Copyright © 2016

## ISIQEPHU A UKUFUNDA NOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

1.1 1.1.1 Okwenza umuntu abe mpofu ngokukaMnu Neef ukungabi nolwazi, intshisekelo nephupho lokuphuma esimeni esinzima sobubha. (2)

1.1.2 Ngiyavumelana. Ngokulima umhlabathi umuntu angakhiqiza ukudla okungamphilisa kuxoshe indlala/angatshala, akhiqize izinhlobo ezahlukene zokudla. (2)

1.1.3 Inja uma igijime yabamba inyamazane ayizuzi lutho ngalokho kuzuza umniniyo kanjalo nomuntu osebenza ngokuzikhandla engenalo ulwazi akazuzi lutho emsebenzini wakhe, usebenzela amahhala. (2)

1.1.4 UHulumeni ungenelela ngokuqhamuka nezinhlangano ezinjengo *SEDA* ne *Youth Development Agency* ukusiza labo abafuna ukuzidalela amabhizinisi abo. (1)

1.1.5 Angasebenza apaquze, ezama kodwa umsebenzi wakhe ungatheli izithelo bese ehlekwa ngumhlaba wonke ngenxa yolwazi lwakhe oluncane kulokho akwenzayo. (2)

1.1.6 Uhambisana ngokuthi nawo njengayo indaba ugcizelela ukuthi uma ivila niqhubeka nokulipha ukudla liye lingasiboni isidingo sokusukuma lizenzele ngoba lisuke linakekelwa./Ukulincisha kwenza ivila lisibone isidingo sokuzenzela. (2)

1.1.7 Kulekelele ngokugqamisa ukuthi abantu abazama ukuzithuthukisa kodwa ngenxa yobuvila abaphumeleli okugcina kubenza bephumile ngokudedelana beshiya bedikibele./Kulekelele ngokugqamisa ukuthi noma abantu bangafuna kangakanani ukuthuthuka empilweni kodwa ubuvila kubenza bancozuke bashiye bedikibele. (2)

1.1.8 (a) Ngokuthi igcizelela ukubaluleka kokuba nolwazi lwento oyenzayo ukuze uphumelele. (1)

(b) Kuhambisana ngokuthi uma abantu sebefundisiwe ukwenza into ethile bayakwazi ukuziphilisa ngayo. (1)

1.2 1.2.1 Kusitshela ukuthi uyamthanda kakhulu futhi kuyintokozo kuye ukuchitha isikhathi nesithandwa sakhe/kuyamthokozisa ukuba naye/unokweneliseka enhliziyweni yakhe ngokuba naye. (1)

1.2.2 Umyeni wakhe uyikho konke kuye./Ukuba khona kowesilisa kunikeza owesifazane ithemba empilweni. (1)

1.2.3 (b) Ukuteketisa sakumdlalisa umuntu. (1)

1.2.4 Omunye ubona ubuthakathaka komunye./Omunye ubona amaphutha omunye kepha naye ebe engemsulwa uqobo lwakhe. (1)

IEB Copyright © 2016

1.2.5 Ngaphandle kokukhula ngeminyaka kwalaba kugqama ukukhula ngokomqondo ikakhulu owesilisa oseshintshe indlela ayeziphatha ngayo emshadweni esemusha/Uthando, ukuhloniphana nokuchitha isikhathi ndawonye kukhombisa ukukhula. (2)

1.2.6 Awugqamisa ngokuthi agcizelela umyalezo wokubambisana, ukusebenzisana, kuhanjiswana konke kwenziwa ngesikhathi esibavumela bobabili kungajahiwe ndawo. (2)

1.2.7 Ngokucabanga kwami ukuba yisoka lamanyala kungemukeleka ngendlela ehlukile kwabesilisa nabesifazane. Kowesilisa kuyinto ethokozisayo ngoba uthola ithuba lokuba nezintombi eziningi okuvunwa wusikompilo kanti kwabesifazane kuyinto engamukeleki kahle ngoba akumnandi ukubangiswa endodeni. (2)

**Amamaki angama-25**

IEB Copyright © 2016

## ISIQEPHU B UKUFINGQA

## UMBUZO 2

Akusaphileki kubantu ngaphandle kwezinkundla zokuxhumana ngoba zishibhile zonga imali. Bathola abangani, izinqandamathe, ukuqeda isizungu nokukhangisa amabhizinisi asemthethweni nangekho emthethweni. Abayizisulu zamabhizinisi angekho balahlekelwa yimali eningi. Kuhle ukungathembi noma ngubani. Abanenhlanhla bathola omaqondana kuze kushadwe, abanye basale bekhala sebegilekile. Abaqashi basebenzisa zona ekwazini ngempilo yomsebenzi wabo noma ngalowo ofake isicelo somsebenzi. Indlela oziveza ngayo ibalulekile nokulawula ulimi lwakho kokushoyo ukuze ugweme ukungena enkingeni ikakhulu uma ungusaziwayo. Mabagweme ukukhuluma budedengu, ngoba amazwi awabuyeli emuva.

**Inani lamamagama = 72**

| | |
|---|---|
| Inani lamagama | 2 |
| Okuqukethwe | 5 |
| Ulimi | 3 |

**Amamaki ayi-10**

## ISIQEPHU C

## UMBUZO 3

3.1 3.1.1 Lichaza ukuthi kude le/indawo ekude. (1)

3.1.2 eqansa (1)

3.1.3 Bekunezinselelo eziningi endleleni/ bekunezinkinga endleni (1)

3.1.4 Alekelela ngokugqamisa umoya wokulwa ubhekene nezinselelo zempumelelo okuholela ekuphoxekeni kwalowo ozohluleka ukuzuza impumelelo asale ekhamisile. (2)

3.1.5 Sichaza ukuthi umuntu usheshe aphuthume ukujabulela impumelelo lapho isakhombisa izimpawu zokuqala angayilindi ize igqame ngokuphelele. (1)

3.1.6 Ligqamisa isithombe sokuthi laba bantu basheshe bathathe ngamawala bangazilinganiseli ukuze bakwazi ukubhekana nezinselelo ezingaphambili. (2)

3.1.7 Kuhambisana ngokuthi la mazwi agqugquzela umuntu ofuna ukuphumelela ukuthi azi ukuthi indlela eya empumelelweni inzima kodwa konke kuyedlula uyithole impumelelo obuyisebenzela./Akhuthaza ukubekezela kumuntu ofuna impumelelo ukuthi ayizi kalula kodwa ekugcineni kuzolunga. (2)

3.2

3.2.1 Ukukhethwa kwamagama kubalulekile kakhulu ngoba kwenza inkondlo ikhule ifinyelele emqondweni ojulile wayo. Isihloko nje sisodwa "Kuxabene Ubendle", zibekwa amadaka uyazibonela ukuthi sichaza ukuphithana kwezinto. Ukuphuma inqina yilapho kuyozingelwa izilwane, kepha lokhu kuyadida ngoba sekuzingelwa abantu. Okunye okudidayo sithe sisalwa nesitha sadida thina saphendukelana sodwa. (3)

3.2.2

- Ithi imbongi ***Siyimbumbulu yembokodwe*** okuchaza ubumbano lapho kubhekenwe nesitha. Sigaya kwasani kungasali lutho. Ubiza isitha esingumLungu **ngochakijana,** uthi bathola indlela yokusivalela phakathi lapho kuliwa naso sinqotshwe. Uthi umlungu ubukeka esedidekile ngenxa yokunqotshwa kwakhe. (2)
- ***Isimagwala mabili*** lokhu kuveza umqondo wokuthi nathi qobo asisathembani sodwa. Sesilwa sodwa manje sibanga ukuba sezintanjeni zombuso. ***Ushiphile uchakijane*** lokhu okuchaza ukuthi usiqhathile umlungu manje sidephuzana sodwa sibanga amandla okuphatha. Ziningi izinhlangano zezepolitiki zonke zifuna ukuphatha nokungamela. Zonke zibanga ubuqhawe, zizishaya izifuba ukuthi yizo ezinqobe izitha, zona zingamaqhawe alwela inkululeko. Sekumane konakala izinto. Izigangi ziqhamuka nhlangothi zonke zizobhekana nomuntu omnyama kuyilapho umlungu uyabukela wakha umkhanya. (2)

- Imbongi ithi lingene kanjani ***ikhanka***, uphi uchakijana, aqhubeke athi ***usebanjiwe yini***. Lama gama aveza kucace futhi akhulisa umqondo wokuthi silokhu silwa sodwa sibanga into okungeyethu, sesisuse amehlo kulokho esakulwela kanzima, sesivukelwa ngumona wokufuna ukuphatha sesikhohliwe ngumuntu okunguye ebesimhubha. Sizoqedana sodwa uchakiijane asihleke. Imbongi iyakhuza ithi ngoba akakabanjwa uchakijana asingalwi. Abantu abamnyama abangaqali balwe bodwa ngoba ubandlululo lusekhona abeLungu basasiqhoqhobele. Kudingeka silwe sinqobe izitha singabangi into okungeyethu sonke. (3)

**[10]**

3.3 3.3.1 Umqondo wenkondlo uveza ubuzwe bembongi yingakho isimo sokukhuluma sicacisa kabanzi ukuthi imbongi ayifuni kushiya lutho/ifuna ukukhuluma konke ekuzwa ngaphakathi mayelana nobuhle bezwe layo/ifuna ukubatshela bonke abakude nabaseduze mayelana nobuhle nokuziqhenya kwakhe ngezwe lakhe. (2)

3.3.2 **Umfundi makabhale okubili kwalokhu:**
Nezinto ezilandelayo yizona zinto ezimhlanganisa neAfrika njengokhezo, imbiza, yizembatho, njalo njalo
I-Afrika izwe layo lokuzalwa ngoba ithi 'Afrika khaya lami abanezinwele ezimdaka'.
I-Afrika imele abantu abanebala elifana nelayo imbongi
I-Afrika inguye uqobo, yikhaya, iyikho konke kuye.
Usikompilo nezembatho zabantu base-Afrika. (2)

3.3.3 Ukuze imemeze kuzwe okude noseduzane/ukuze bonke abantu bezwe ngoba izwi liyodilika kahle lifinyelele eduze nakude. (1)

3.3.4 Umfundi makabhale okubili kwalokhu okulandelayo:

Ukuxhumana siqalo Uyobazekela ...
Uyobazekela ...
Ukuxhumana sigcino … e-Afrika
... e-Afrika

Ukuxhumana okuyingxemu … Afrika
Afrika … (2)

3.3.5 Yisingathekiso: 'uyindoni yamandambi' (1)

3.3.6 Ligqamisa ukuthi imbongi ithokomele, ivikelekile lapha e-Afrika, ifudumele ihlezi inethezekile. (1)

3.3.7 Isuzura eyisibabazo igqamise izinga lokubabazeka kobuhle bezwe lase-Afrika. (1)

**[10]**

**Amamaki angama-30**

IEB Copyright © 2016

## ISIQEPHU D

## UMBUZO 4

4.1 4.1.1 (a) imizwa yokuklololoda nokudelela (1)
(b) imizwa yokuphoxa nokubhuqa (1)
(c) imizwa yokuxolisa nokuzithoba. (1)

4.1.2 (a) Angizelanga ukuzofukuzela wena kwazise phela angisiso isicashalalana sakho esincenge ukudla nje. (1)

(b) Ngizovuka ekuseni ngiye kwaMesisi ongumqashi wami engimthandayo. (1)

4.2 4.2.1 (a) Isenzukuthi qwa sisetshenziswa uma kuchazwa umbala omhlophe. (1)
(b) Isenzukuthi cwa sona sisho into ebekwe yathiwa nje le phezulu. (1)

4.2.2 (a) Isakhi songumnini esiveza umqondo wokuthi into yakhiwe ngani
(b) Isakhi sokuqhathanisa esiveza umqondo wokufanana kwezinto
(c) Isakhi esikhomba ubulili besifazane. (3)

4.2.3 (a) Kubuhlungu ukushonelwa ngumama uphenduke intandane/ Ukushona kukamama kungenze intandane.
(b) UMadondo uyikhanda emzini wakhe nguye obaphethe bonke. (2)

4.3 4.3.1 Avuse imizwa yendumalo nokuphoxeka okukhulu okuhambisana nokudinwa. (1)

4.3.2 Ikhombisa ukuthi awemukeleki kahle la mazwi futhi ashiya imibuzo eminingi engqondweni ikakhulukazi emantombazaneni. (1)

4.3.3 Ngiyavumelana, ayachema ngoba ubaba akananazanga nje ukuthi amantombazane awazukuya esikoleni. Ufike esesithathile isinqumo wathi abafana bodwa abazoya esikoleni. Yini evimbela ukuthi kube ngomunye wabafana kanjalo noyedwa wamantombazane. Mhlawumbe ukube ubechaza ukuthi kungani ethi kuzoya abafana bodwa futhi aveze izizathu ezizwakalayo./Kunokwenzeka ukuthi indlela akhuliswe ngayo nosikompilo lwakhe yikho okwenze athathe lesi sinqumo. (2)

4.3.4 Ziveza ukuthi uyawazi amalungelo akhe futhi akazimisele nakancane ukuba avumele ukuthi kube ngababafana bodwa abafundayo/ ziveza ukuba nolwazi oluhle ngomthethosisekelo ngoba bayazi ukuthi kulilungelo lazo ukuya esikoleni. (2)

4.3.5 Inkolelo yokuthi akukuhle ukufundisa intombazane ngoba iyahamba iyovusa ikhaya lakomunye umuzi, kufana nokulahla imali, kanti umfana yena akahambi ekhaya uzosiza ekukhuliseni umndeni uye phambili./ Amantombazane vele wona ayondliwa ngabayeni bawo uma eseganile kanti abafana bona kubhekeke ukuthi bondle imindeni yabo yingakho kubalulekile ukuba bona kube yibo abathuthukisa imfundo yabo ukuze bathole imisebenzi emihle. (2)

4.4 4.4.1 Siqondiswe kuwo wonke umuntu ongumfundi wephephandaba Ilanga. (1)

4.4.2 Ibhalwe ngamagama agqamile ukuze ihehe amehlo abantu okubakhuthaza ukuba bangenele umncintiswano. (1)

4.4.3 Ilekelela ngokucacisela abafuna ukungenela lo mncintiswano ngokubanika umhlahlandlela okumele bawulandele ukuze baphumelele/ngokubanika isithombe esiphelele ngokumele bakwenze ukuze baphumelele kulo mncintiswano. (1)

4.4.4 Bengingaligcwalisa ngoba isikhangisi sisebenzise ulimi oluhehayo, olunembayo futhi okulula ukulufunda. Nezithombe zezintokazi zinhle zenza umuntu afise kuwine leyo ayithandayo. (2)

**[5]**

**UMBUZO 5**

U**N**doda Madondo wazalwa ngomhla ziyi-19 ku**Zi**bandlela ngo-1954, e**S**obantu eMgungundlovu. Uyindodana yokuqala ka**M**numzane Falakhe noNkosikazi Shongishilo. **W**ayeyindoda ehluphayo ngesibhaxu. Wayelime wena **mmbi**la**,** mifino yamathanga, izaqathi nokunye okuningi. Welamela okuzinkomo kuzenzela ensimini yakhe. Wezwakala ngengila ethi, "azinamelusi **lezi** zinkomo". Wazikhipha**-ke** ngesiswebhu wayozishiya kude nensimu yakhe.

**[10]**

**Amamaki angama-35**

**Amamaki esewonke: 100**

IEB Copyright © 2016